ISAZISO CV 273L

UKUQASHISA NGENDAWO OKUHLONGOZWAYO: ISITOLO SOKUDLA: UMHLABA OSEJAPANESE GARDENS, TINSLEY PLACE, DURBAN NORTH

UMasipala waseThekwini umema amathenda okuqasha umhlaba ochazwe njengo-Portion of Proposed Lease on Erf 960 Durban North, Registration Division FU, eThekwini, eSifundazweni saKwaZulu-Natal, olinganiselwa ku 43m², okhonjiswe ePulanini No. SJ 4405/2, ngenjongo yokuba usetshenziselwe ukuqhuba ibhizinisi lesitolo sokudla, isikhathi esiyiminyaka emihlanu (5) ngaphandle kwelungelo lokusivuselela isivumelwano sokuqashiselana, ngentela esukela emarandini ayinkulungwane namakhulu amahlanu (R1 500) ngenyanga, ikhuphuke ngo9% ngonyaka.
Amathenda azohlungwa ngokusebenzisa inqubomgomo kaMasipala yokunikeza amaphuzu aqondene nokufukula labo abebencishwe amathuba esikhathini esedlule kanye namaphuzu erenti ephakanyiswayo. Amathenda afakwe ezimvilophini zavalwa, zabhalwa ngokucacile ngaphandle ukuthi "TENDER NO. CV 273L" abhekiswa kuCity Manager kufanele afakwe ebhokisini lamathenda elise foyer eGround Floor, Rennies House, 41 Victoria Embankment, eThekwini (hhayi kunoma yimuphi omunye umnyango kaMasipala) engakadluli u11h00 ngoLwesihlanu, mhla ka 24 November 2006 okuwusuku ayovulwa ngalo phambi kwabantu. Imibhalo yethenda itholakala ehhovisi lika Head: Real Estate, 17th Floor, 75 Winder Street, eThekwini (inkomba: 636c/16 Mrs Ponnan: Ucingo 311 4359), phakathi kuka 08:30 no 12:30 naphakathi kuka 13:30 no16:30.

Dkt M.O. Sutcliffe
IMenenja yeDolobha
City Hall
West Street
eThekwini

ISIMEMO SETHENDA

ETHEKWINI TRANSPORT AUTHORITY UCWANINGO MAYELANA NEZINDLELA EZIHANJWA ABANTU KUYO YONKE INDAWO ENGAPHANSI KUKAMASIPALA

Kumenywa ochwepheshe emkhakheni wezokuthutha ukuba bafake amathenda okusingatha ucwaningo ngezindlela ezihanjwa abantu kuyo yonke indawo engaphansi kukaMasipala ngenhloso yokuthola imininingwane efanele emayelana nezokuhamba kanti lolu cwaningo luzobe lwenzelwa umnyango wakwa-Strategic Transport Planning waseThekwini Transport Authority.

Lo msebenzi ubandakanya lo khu okulandelayo:
1. Ukubheka inqubekela phambili yalolu cwaningo
2. Ukwalusa ezobuchwepheshe ezimayelana nenkontileka nokunikeza usizo lobuchwepheshe kukho konke
3. Ukululeka i-eThekwini Transport Authority ngezinto zobuchwepheshe
4. Ukubheka kabanzi ipulani yocwaningo
5. Ukuhlaziya imininingwane emayelana nezimvo ezitholakele
6. Ukubuyekeza nokubhekisisa izibizo zezimali
7. Ukuhlaziya ifomu yocwaningo
8. Ukuhlaziya ulwazi olutholakele
9. Ukubuyekezwa nokubhekisisa imiphumela yocwaningo nokuqukethwe umbiko walolu cwaningo ngokwemihlahlandlela yalo
10. Ukubuyekezwa umbiko owenziwe
11. Ukuhlola inqolobane yolwaz oluqoqiwe nokuqikelela ukuthi iyahambisana nemihlahlandlela ebekiwe
12. Ukuhlela imihlangano yokubika ngenqubekela phambili yocwaningo phakathi kukasonkontileka neThekwini Transport Authority
13. Ukugcina amarekhodi ayiwona ngenqubekela phambili yalolu cwaningo

Umbhalo wamathenda utholakala ku-Mnu. Jelle Meintsma, Room 124, ETA, Old Fort Place Building, 30 Old Fort Place, eThekwini, ucingo: 031 311 7241 noma kuMnu Andrew Aucamp, Room 118, ucingo: 031 311 7543.

Umhlangano wokuchaza ngalo msebenzi okuphoqelekile ukuba wethanyelwe abafisa ukuletha iziphakamiso uzoba mhla ka 2006-11-02 kusukela ngo 10:00 kuya ku 12:00, eRoom 125, ETA, 30 Old Fort Place.
Kuyogcwaliswa irejista yabafikile emhlanganweni kanti iziphakamiso zezinkampani ezingezanga kulo mhlangano angeke zamukelwe.

Izidingo ezidingekayo zalezi ziphakamiso ilezi:
1. Iqembu kufanele libe okungenani nochwepheshe oyedwa onesipiliyoni okungenani seminyaka emihlanu.
2. Iqembu kumele libe okungenani nelunga elilodwa elike lenza ucwaningo lwalolu hlobo phambilini.

Iziphakamiso ezingazifezi lezi zidingo ngeke zamukelwe.
Imibuzo ingabhekiswa ku-Mnu. Jelle Meintsma weETA ku-311 7241.

Amathenda (amakhophi amahlanu) kumele afakwe ezimvilophini, zivalwe bese zibhekiswa kwi-eThekwini Transport Authority zibhalwe ngaphandle ukuthi: "Proposals for the Management and Supervision for the 2007 eThekwini Travel Surveys" bese zifakwa ebhokisini lamathenda elise foyer, Ground Floor, Rennie House, 41 Victoria Embankment, eThekwini noma athunyelwe kuleli kheli: PO Box 1014, Durban, 4000 engakadluli u11:00 mhla ka, 2006-11-10.
I-eThekwini Transport Authority ayikuba nacala ngamathenda afike emva kwesikhathi ngenxa yokubambezeleka eposini nezinye izindlela zokuthumela. I-eThekwini Transport Authority ayiphoqelekile ukwamukela ithenda eliphansi kunawo wonke nanoma yiliphi nje ithenda.

Inhloko: eThekwini Transport Authority
P.O. Box 680
Durban
4000

ISAZISO

UMHLANGANO WOMPHAKATHI: INDLELA YEZIMOTO EMIGWAQWENI U-ESSENWOOD/MUSGRAVE

Umphakathi nabamabhizinisi bayamenywa emhlanganweni wokwethula umbiko omayelana nendlela yezimoto emigwaqweni u-Essenwood/Musgrave, ohlelwe yi-eThekwini Transport Authority (ETA) kanye neKhansela lesigceme lale ndawo.

Usuku: uLwesithathu, mhla ka 1 November 2006
Isikhathi: 6:30 ntambama
Indawo: St Thomas Anglican Church, 195 Musgrave Road

Wonke umuntu ofisa ukwethamela lo mhlangano wamukelekile

ISAZISO

ABANGAKATHOLAKALI ABABELWA IZIZA EZILWELENI/ELUGANDA

Bonke abanikwa iziza ohlelweni lwezindlu e-Luganda/eZilweleni kepha bangawalanda amatatiyela obunikazi bale ziza kudingeka ukuba baxhumane noMnyango Wezezindlu kaMasipala waseThekwini, ukuze kwenziwe amalungiselelo okuba banikwe amatayitela abo. Lezi ziza ezithintekayo ziphakathi kuka-Erf 15820 no 20224, eLuganda/eZilweleni. Ubunikazi balezi ziza buzobuyiselwa kuMasipala waseThekwini uma engalandwa amatayitela azo. Lamatayitela kumele alandwe eMnyangweni Wezezindlu, 7th Floor, Florence Mkhize Building, 251 Smith Street, eThekwini. Eminye imininingwane itholakala kuMnu Sipho Ngema, kule nombolo yocingo 311 1756.

INVITATION TO TENDER

THE ICC DURBAN (PTY) LTD INVITES ALL ELIGIBLE SERVICES PROVIDERS IN THE BUILDING INDUSTRY TO SUBMIT TENDERS FOR THE REPLACEMENT OF THE "MAIN PRODUCTION UNIT FLOORS" AT THE INTERNATIONAL CONFERENCE CENTRE.

The tender will deal with the uplifting of the existing ceramic tiled floors and replacing them with a polyurethane floor (739m²). Part of the conditions of tender are a R100.00 tender fee and a compulsory briefing on site, at 9:00, on Wednesday, 2006-11-01. Tenderers to meet at Meeting Room 12. Tenders close at 11:00 on the 10th November 2006. Tenderers must be registered with the Construction Industry Development Board of South Africa (CIDB) and graded within the 2GB category. Tender documents will be available for collection from the Building Services Department at the ICC from Monday, 2006-10-30.
NOTE:
Sealed tenders addressed to: THE HEAD: PROCUREMENT and marked "REPLACEMENT OF MAIN PRODUCTION UNIT FLOORS" must be placed in the tender box located on the ground floor, RENNIES HOUSE, 41 VICTORIA EMBANKMENT, DURBAN (NOT ANY OTHER MUNICIPAL DEPARTMENT) OR REACH P.O. BOX 1010, DURBAN, 4000 no later than 11:00 on 2006-11-10.
Enquiries: Andrew Moller - Building Services Manager Tel 360 1307. Fax: 360 1016; Email: *andrewm@icc.co.za*

EXPRESSION OF INTEREST

COMMUNICATION AND ORGANISATIONAL SKILLS STRATEGY IN INFORMAL SETTLEMENTS

The Health Unit of the Ethekwini Municipality is inviting experienced service providers to respond by expressing their interest in formulating a communication and organisational skills strategy aimed at resloving health challenges amongst informal settlements in the Ethekwini Municipality.

Service providers should be able to perform the following:

1) Engage with at least three (3) target settlements and establish working groups.
2) Undertake fieldwork / surveys / workshops / seminars with target settlements.
3) Create sustainable employment opportunities through identification and promoting skills development.
4) Document and report all applicable stages of interventions employed.
5) Produce a test case strategy and policy document for the Health Unit.
Successful service providers will give an undertaking that this project is conducted and finalised before May 2007.
In the expression of interest service providers need to clearly indicate breakdown of costs for the project.
Responses should be directed to the Head: Health Unit, 9 Old Fort Place, Durban.
Enquiries: Tel 031 - 2037010 (KM Jaggeth)
Closing Date: 20th November 2006, at 11h00.

ISAZISO

IMIBONO YOMPHAKATHI: INQUBOMGOMO EMAYELANA NO'KHRIKHETHI':

UMasipala waseThekwini usenze uhlaka lwenqubomgomo emayelana nokulawulwa nokusetshenziswa ngokuphepha ko'khrikhethi'. Lolu daba lwadingidwa yiKomidi Lezempilo, Ezokuphepha Nenhlalakahle Yomphakathi lase lithatha isinqumo sokuba kukhishwe isaziso esimema bonke abantu abafisa ukuphawula okubandakanya nezinhlangano zezenkolo ukuba balethe imibono yabo ebhalwe phansi. Amakhophi ale nqubomgomo agayiwe noma athunyelwe nge-email ayatholakala kuleli kheli: Health Unit, 9 Old Fort Place, eThekwini - ngokuxhumana noMs. Radha Pillay (1st Floor, Room 131) noma ngokumshayela ucingo kule nombolo: 031-3113722, eyefeksi: 031-3113530 noma ngokumthumelela i-email kuleli kheli: *pillayr@durban.gov.za*
Usuku olungunqamla juqu lokulethwa kwemibono ebhaliwe umhla ka 10 November 2006, ngo 16:00. Yonke imibono ebhaliwe kufanele ithunyelwe kuleli kheli: The Head: Health Unit, Box 2443, Durban, 4000.

ISAZISO 2512

UKUQASHA INDAWO OKUHLONGOZWAYO

Lesi yisaziso esikhishwa ngokwezimiso zesigaba 240 se-Odinensi 25 ka 1974, nezichibiyelo zayo, sokuthi uMasipala uhlose ukuqasha indawo echazwe njengo Suite 1501, 15th Perm Corner, 120 Field Street, Durban, elinganiselwa ku 50m² ubukhulu, ukuze isetshenziswe yiKhansela, ngentela engu R1 750 ngenyanga, isikhathi esiwunyaka owodwa. Amakhophi emibandela yokuqashiselana ayotholakala kwabafuna ukuwahlola ehhovisi lika Head: Real Estate, 17th Floor, 75 Winder Street, eThekwini (inkomba: 13/63/1NNM), phakathi kuka 08:30 no 12:30 kanye naphakathi kuka 13:30 no 15:30, kusukela ngeMisombuluko kuya koLwesihlanu, isikhathi esiyizinsuku ezingu 14 kusukela mhla ka 2006-10-27. Abathintekayo mayelana nalokhu kuqasha okuhlongozwayo bangafaka izikhalo zabo bazibhekise kulowo osayinde ngenzansi engakadluli u17:00 mhla ka 2006-11-10.

Dkt M.O. Sutcliffe
IMenenja yeDolobha
City Hall
West Street
eThekwini

INOMBOLO YETHENDA HRE 210F

UKUDAYISWA NGETHENDA EVULEKELE UWONKEWONKE KWESIZA: 96 ROUND THE GREEN, SUNNINGDALE, LA LUCIA

Ikheli: 96 Round The Green, Sunningdale, La Lucia
Incazelo: Erf 2205 La Lucia
Inani okuqalwa kulo: R350 000
Ubukhulu: 778m²
Ukuklanywa: Special Residential Site
Imibhalo yamathenda itholakala eRoom 1702, 17th Floor, 75 Winder Street, Durban. Leli thenda lizovalwa ngo 11:00 ngo Lwesihlanu, mhla ka 2006-11-10, okuwusuku amathenda afakiweyo ayovulwa ngalo phambi kwabantu. Qaphela ukuthi ukuhlungwa kwaleli thenda kuzokwenziwa ngokomgomo walo Masipala wokunika amathuba labo ababencishiwe esikhathini esedlule. Eminye imininingwane itholakala kuNigel Stops kule nombolo yocingo 031-311 4390 (Ngezikhathi zokusebenza ezejwayelekile).

Dkt. MO Sutcliffe
IMenenja yeDolobha